**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ B.H. CELE YOKUVULA IBHULOHO OTHOMBOTHI MHLAKA 24 FEBRUARY 2009.**

**Ngiyanibingelela nonke**

- Ukuhlangana kwethu namhlanje sizovula ibhuloho kusafakazela kona ukuzibophezela kukahulumeni wethu ukuqinisekisa ukuthi siyazigcina izithembiso zethu.

- Akumangazi phela ukubona abantu bakithi ababenganakiwe phambilini sebephumela obala besho ukuthi ngempela siyazigcina izithembiso ngoba nansi imisebenzi iyabonakala.

- Ibhuloho esilivula namhlanje liyingxenye ka-R1,5 billion uMnyango wezokuThutha owutshale eZululand ukuze kubhekwane nezinselelo zengqalasizinda yezokuthutha.

- Sifake imali emisebenzini ehlanganisa, phakathi kweminye, uD1820, uD487, uP700, uP432, uP235/ P49/ P52, uP234, Umbhudula Road, iQwasha River Bridge, iMpembeni, iSikhwebezi Pedestrian Bridge, iThombothi River Bridge, uBivane River Bridge, iWela River Bridge, iKwaBhanya River Bridge, Intethe River Bridge neNsonyane Bridge.

- IZululand ingenye yezindawo esifundazweni lapho abantu besahamba amabanga amade beya emitholampilo, ezibhedlela, ezikoleni nasezimpeshenini. Ngakhoke sithi njengohulumeni asikwazi ukuvumela isimo lapho othisha nabafundi kumele bakhumule nsuku zonke uma bewela imifula beya esikoleni.

- Kodwa kubalulekile ukugcizelela ukuthi njengohulumeni okhethwe ngentando yeningi sinesibopho sokusiza abantu ngaphandle kokubheka ukuthi ngabaliphi iqembu lepolitiki.

- Njengomphakathi sibhekene nezinselelo njengobugebengu, izifo ezingelapheki, ububha, ukuntuleka kwemisebenzi, nokunye. Kodwa lezi zinselelo zingalungiseka kuphela uma kunokuthula, intando yabantu nentuthuko. Lezi yizinto eziyisisekelo sempilo engcono kubantu bonke. Ngakhoke abantu kumele baqaphele ukusetshenziswa ngosopolitiki abafuna ukuzizuzela bona.

- Ukwakhiwa kwebhuloho nomgwaqo okuxhumanisa imiphakathi yakwaXasane neSizinda sekube nomthelela omkhulu emphakathini walezi zindawo zombili.

- UMnyango kwazwelonke nowesifundazwe bafake isandla ngokubambisana kulo msebenzi wokutshalwa kwemali engaphezulu kuka-R14 million kule ndawo.

- Njengokomgomo wethu, umsebenzi omningi wenziwe ngabantu bendawo abebexova ukhonkolo besebenzisa amathuluzi ezandla. Phela sihlale sisho ukuthi uma kwakhiwa kumele kuhlomule umphakathi wendawo kwezomnotho, osonkontileka bathole zonke izinto zokwakha khona endaweni futhi baqashe nabasebenzi bakhona emiphakathini eseduzane. Asidingi kufakwe ipolitiki kulokhu.

- Ngaphandle kokudala amathuba emisebenzi, lapha kuphinde kwenziwa izinhlelo zokusizwa kwemiphakathi, okuhlanganisa ukweluleka ngamakhono afundelwayo. Abafundi abangaphezulu kuka-1200 bakhuthazwe ukuthi benze izifundo zeCivil Engineering ezikoleni ezingu-9 ezigodini zomblili, KwaNxasane naseSizinda.

- Kuyiqiniso ukuthi amabhuloho esiwakhayo ayingxenye ebalulekile ekwenziweni kwezimpilo zabantu zibe ngcono. Sesiyibonile imiphakathi lapho sekwakhiwe la mabhuloho isixoxa indaba ngokushintsha kwezimpilo zayo.

- *“Ngaphambi kokuthi kwakhiwe ibhuloho, sase silahlekelwe ngabantu abaningi kulo mfula. Leli bhuloho selisisizile njengomphakathi ngokuhlanganisa nemindeni ebihlukaniswe umfula. Ngaphandle kwalokho, bekulukhuni ukuhlangana nomphakathi waseSizinda sihlele izinhlelo zentuthuko ngokubambisana. Ngokwethu singumphakathi, leli bhuloho selifake omunye umphakathi kwibalazwe.” UMnzu D. Ntombela (womphakathi waKwaXasane).*

- Sengiphetha, isibalo samabhuloho adinga ukwakhiwa KwaZulu-Natal sesenyuke saba ngaphezulu kuka-400. Ngeshwa, sisalokhu sibhekene nengwadla yokushoda kwezimali, okwenza kube nzima ukuvala leli gebe ngokushesha ngendlela esifisa ngayo.

- Nokho-ke, nakuba sazi ukuthi kukhona ezinye izizwe ezicebile ezinengqalasizinda yezokuthutha ephambili ezikwazi ukuya ngisho enyangeni kodwa abantu bakithi besahlulwa ukusuka kwesinye isigodi baye kwesinye, siyaziqhenya imigomo yethu ibhekela ngqo izimpilo zabantu bakithi.

**Ngiyabonga**